

# INTELÀ YABAHAMBI

## Kuyini okuvunyelwe okungatheliswa/okungakhokhi ntela?

Okuvunyelwe okungatheliswa/okungakhokhi ntela kungahlukanisa kanje:

### 1. Okuvunyelwe okungatheliswa/okungakhokhi ntela

- Uma ungumhambi unelungelo lokungenisa izimpahla ezweni ezingafinyelela enanini elingu-R5 000 umuntu ngamunye (abasebenzi kubandakanya nomshayeli webhanoyi bona bavumeleke kwezingafinyelela ku-R700) ngaphandle kokukhokha intela kuzona; futhi
- Uma ungumhambi osuka emazweni ayilungu le-Southern African Customs Union (SACU) awuyikhokhi iNtelà yeMpahla engenayo nephumayo futhi unelungelo lokuxolelwa ku-VAT ezimpahleni ezinenani elingafinyelela ku-R5 000.

### 2. Izimpahla ezithengisekayo/ezihwebisekayo

- Uma ungumhambi, unelungelo lokungayikhokhi intela ekungeniseni ezweni izimpahla ezihwebisekayo (abasebenzi kubandakanya nomshayeli webhanoyi abavumelekile ukwenza lokhu) ezingadluli emikhawulweni ebekiwe, okuyilena:
  - Ugwayi oyi-200;
  - Izigazu ezingama-20;
  - Ugwayi wepayipi kanye / noma ugwayi oyi-250 gram uma uhlanganisiwe;
  - Amalitha amabili ewayini;
  - Iziphuzo ezinotshwala zibe yilitha eyodwa (kubandakanya ubhiya);
  - Iziqholo ezingu-250 ml eau de toilette kanye no-50 ml perfume.
  - Izimpahla ezihwebisekayo ezingaphezulu kwezivunyelwe azikwazi ukufakwa ngaphansi kwalokhu okungatheliswa/okungakhokhiswa ntela. Izimpahla ezifana nalezi kumele zikhokhelwe intela ephelele kanjalo ne-VAT.
- Izinto ezenziwe ngesandla
  - Abahambi abasuka e-SACU noma amalungu ombuso we-Southern African Development Community (SADC) bavumelekile ukuletha eNingizimu Afrika izinto ezenziwe ngesandla ezenziwe ngesikhumba, ukhuni, ucwazi, noma igilasi, njll.; uma izimpahla zingevile esisindweni esingama-25kg sezizonke, ngaphandle kokukhokha intela yeziimpahla noma ukutheliswa.
  - Lezi zimpahla (inqobo uma zingadluli emikhawulweni ebekiwe) zingadalulwa ku-DA 331 yize zingabe zihloselwe ukudayisa/ukuhweba.